# AMAZWIBELA ESABELOMALI SIKA 2026/27

KWAZULU-NATAL PROVINCE
TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## IZIMALI EZEMUKELWE YISIFUNDAZWE

| R thousand/% lemali Yesifundazwe Isiphelele | Ukwabiwa okubuyekeziwe | Isabelo Saphakathi Nonyakamali | | |
|---|---|---|---|---|
| | 2025/26 | 2026/27 | 2027/28 | 2028/29 |
| **Inani eliphuma kuHulumeni kazwelonke** | **157 919 264** | **163 651 251** | **169 479 724** | **174 926 498** |
| *Isabelo Esingenamgomo* | 130 147 713<br>80.2% | 136 378 118<br>81.1% | 142 177 502<br>81.6% | 146 678 660<br>81.6% |
| *Izibonelelo Ezinemibandela* | 27 771 551<br>17.1% | 27 273 133<br>16.2% | 27 302 222<br>15.7% | 28 247 838<br>15.7% |
| Imali eqoqwa IsiFundazwe | 4 292 863<br>2.6% | 4 477 404<br>2.7% | 4 677 665<br>2.7% | 4 844 418<br>2.7% |
| **Imali yesiFundazwe Isiphelele** | **162 212 127** | **168 128 655** | **174 157 389** | **179 770 916** |

## INGENISOMALI YESIFUNDAZWE KA 2026/27

- Isifundazwe sithole u R163.651 billion emalini esiyabelwe kuzwelonke no R4.477 billion wengenisomali isifundazwe esizenzele yona.
- Izimali ezivela kuzwelonke zibandakanya isabelo sesifundazwe (Equitable Share) sika R136.378 billion nezibonelelo ezinemibandela (Conditional Grant) zika R27.273 billion.
- Isiyonke imali etholwe yisifundazwe saKwaZulu-Natal onyakeni wezimali ka 2026/27 ngu R168.129 billion.

## IMALI YEZIMO EZINGALINDELWE

- Isifundazwe sibeke eceleni imali engu R149.849 million, R196.001 million no R324.642 million kule minyaka emithathu ezayo njengemali ebekelwe izimo ezingalindelwe ukuze kubhekwane nezimo ezingase ziqhamuke ezingalindelwe.

## IZIMALI EZIZOSETSHENZISWA YISIFUNDAZWE NGO 2026/27

### ISABELOMALI SESISONKE SESIFUNDAZWE SINGU R168.035 BILLION

### IMISEBENZI YOMPHAKATHI INGU R135.315 BILLION

## IZABELO NGOKWEMINYANGO

| R thousand | Isabelo esiphelele 2026/27 | % -Yesabelo Esiphelele |
|---|---|---|
| | | |
| **Eyezenhlalakahle** | **135 315 358** | **80.5%** |
| Ezemfundo | 71 193 373 | 42.4% |
| Ezempilo | 60 293 520 | 35.9% |
| Ukuthuthukiswa Komphakathi | 3 828 465 | 2.3% |
| **Eyezomnotho** | **26 234 850** | **15.6%** |
| Ezokuthutha | 13 937 255 | 8.3% |
| Umnotho,Ezokuvakasha, Ezemvelo (EDTEA) | 3 775 457 | 2.2% |
| Ezokuhlaliswa Kwabantu | 3 265 987 | 1.9% |
| Ezelimo,Nezindawo Zasemakhaya (DARD) | 2 818 097 | 1.7% |
| Imisebenzi yomphakathi neNgqalasizinda | 2 438 054 | 1.5% |
| **Eyezokuphatha** | **6 485 158** | **3.9%** |
| Ezokubusa ngokubambisana,ubuholi Bomdabu (COGTA) | 2 033 330 | 1.2% |
| Ezemidlalo,Amaciko,Nosiko (DSAC) | 1 657 785 | 1.0% |
| Isishayamthetho SesiFundazwe | 894 413 | 0.5% |
| Ihhovisi likaNdunankulu | 856 202 | 0.5% |
| OwezokuGcinwa KwaMafa | 756 071 | 0.4% |
| Ezokuphepha Nokuxhunyaniswa | 287 357 | 0.2% |

- Imali eningi kwisabelomali sesifundazwe yabelwe ukuhlinzeka imisebenzi yomphakathi, okuyingxenye engu 80.5% wesabelomali sika-2026/27. **UMnyango wezeMfundo nowezeMpilo** yengezelwe izimali ukuze ibhekane nengcindezi kwizabelomali zayo, futhi iqinisekise ukuthi kuyaqhubeka ukuhlinzekwa kwezidingo nemisebenzi ebalulekile njengezinsiza zothisha zokufundisa, uhlelo lokuphakelwa kwezingane ezikoleni, uhlelo lwemisubelo, ukuhlinzekwa kosizo lwezempilo oluyisisekelo, nokuhlinzekwa kwezimo eziphuthumayo kwezempilo. **UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi** uzogxila ezinhlelweni zomphakathi ezithile, okubalwa kuzo ukulwa nezidakamizwa, ukweseka izisulu, ukubhekana nobhubhane lwe-HIV ne-AIDS kanjalo nokweseka abantu abadonsa kanzima.

- Kwezomnotho bathole u15.6% kwisabelomali sika 2026/17. UMnyango wezokuThutha wabelwe ezinye izinsiza zokulungisa nokuvuselela imigwaqo yesifundazwe elinyazwe yizimo zezulu. UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya wabelwe izimali zokubhekana nokubheduka kwesifo samatele esifundazweni.

- Iminyango ebhekele ezokuphatha yabelwe uR6.485 billion, wokuqalisa amaphrojekthi okufakwa kukagesi (COGTA), ukweseka izinhlelo ezahlukene zobuciko namasiko (DSAC) nokuqapha umphakathi (ezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi).

# AMAZWIBELA ESABELOMALI SIKA 2026/27

KWAZULU-NATAL PROVINCE
TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## ISABELOMALI ESENGEZIWE

### EZEMFUNDO

**R647.274 million wokuholela abasebenzi**

### EZEMPILO

**R1.405 billion wokuholela abasebenzi nokuhlinzeka izidingo namasevisi**

## IZINTO EZIBALULEKILE EZIXHASWE KU 2026/27

### EZEMFUNDO

| | |
|---|---|
| Izikole zomphakathi | R58.482 billion |
| Uhlelo lokuphakelwa kwezingane ezikoleni | R2.429 billion |
| Uhlelo lokuqashwa kwentsha lukamengameli | R70.068 million |
| Isibonelelo sezinkulisa | R769.769 million |

### EZEMPILO

| | |
|---|---|
| Ukuhlinzekwa kosizo lwezempilo | R45.994 billion |
| Ukwakhiwa nokunakekelwa kwezikhungo zezempilo | R1.944 billion |

### EZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

| | |
|---|---|
| Izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono entsha | R43.890 million |
| Ukusizwa kwabantu asebekhulile | R214.250 million |
| Ukusizwa kwabantu abaphila nokukhubazeka | R217.775 million |
| Ukulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa | R122.295 million |

### EZOKUTHUTHA

| | |
|---|---|
| Ukwakhiwa kwemigwaqo | R6.110 billion |
| Ezokuthuthwa kwezingane zesikole | R376.337 million |
| Ukuxhaswa kwezithuthi zomphakathi | R1.547 billion |

### EZEMISEBENZI KAHULUMENI NENGQALASIZINDA

| | |
|---|---|
| Intela yomhlaba womasipala | R1.299 billion |

### EZOKUHLALISWA KWABANTU

| | |
|---|---|
| Ukwakhiwa kwezindlu | R2.796 billion |

### KWA-COGTA

| | |
|---|---|
| Ezobuholi bomdabu | R718.555 million |
| Ezokuthuthukiswa komnotho emphakathini | R120.752 million |

### EZEMIDLALO, UBUCIKO NAMASIKO

| | |
|---|---|
| Ubuciko namasiko | R238.075 million |
| Imitapolwazi | R265.060 million |
| Ezemidlalo nokungcebekela | R374.595 million |

### EZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA

| | |
|---|---|
| Ezolimo nokweluleka | R755.450 million |
| Ukwesekwa kwezokukhiqiza | R322.916 million |
| Ukutholakala kokudla | R114.692 million |
| Ezempilo yezilwane | R256.476 million |

### EZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO, UKUVAKASHA NEZEMVELO

| | |
|---|---|
| Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi | R204.763 million |
| Ezohwebo notshalomali | R657.689 million |
| Ezokuvakasha | R409.122 million |
| Ezemvelo | R1.358 billion |

# AMAZWIBELA ESABELOMALI SIKA 2026/27

KWAZULU-NATAL PROVINCE
TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## INGQALASIZINDA

ISABELOMALI SENGQALASIZINDA EKZN SESISONKE SINGU R18.379 BILLION

INANI LENGQALASIZINDA KHONA LINGU 11.048 BILLION

- Ingxenye enkulu kwisabelomali sengqalasizinda izosetshenziswa kwingqalasizinda evele ikhona ngokuthi inakekelwe futhi ilungiswe (R3.689 billion), ukunezelwa nokuvuselelwa (R3.780 billion), nokukhandwa nokunwetshwa (R3.397 billion).

EZOKUTHUTHA R9.059 BILLION

EZOKUHLALISWA KWABANTU R2.826 BILLION

EZEMFUNDO R3.417 BILLION

EZEMPILO R2.197 BILLION

- Iminyango izoqala amaphrojekthi kuzona zonke izifunda, kanti uMkhandludolobha weTheku, uMgungundlovu neKing Cetshwayo yizifunda ezithole ingxenye enkulu kwisabelomali sengqalasizinda kwi-MTEF ka 2026/27 okungu R2.257 billion, R2.372 billion no R2.370 billion ngokwehlukana.
- UMkhandludolobha weTheku unamaphrojekthi angu 395, uMgungundlovu ne King Cetshwayo yizifunda ezinamaphrojekthi (project) angu 694 no 776 ngokwehlukana.
- Ushicilelo lwezilinganiso zokusebenza kwezimali kuyatholakala ebhukwini elingusomqulu wezinhlelo ezinkulu elibizwa nge Estimates of Capital Expenditure (ECE) luqukethe zonke izinhlelo ezizokwethulwa emphakathini.

## IZINKOMBA ZEZOMNOTHO

- Ukukhula komnotho emhlabeni bekuzinzile ku 3.3% ngo 2025, bekunezingqinamba zezohwebo, lungekho uzinzo kwezepolitiki emhlabeni, futhi kunokuphazamiseka kwezohwebo. I-International Monetary Fund (IMF) ilindele ukuthi kuqhubeke ukukhula komnotho okuzinzile kulo nyaka ngaphambi kokuthi kwehlele ku 3.2% ngo 2027.
- Umnotho kazwelonke kulindeleke ukuthi uqine uye ku 1.4% onyakeni ka 2026 no 1.9% ngoka 2027, njengoba kuqhubeka kahle ukuvuselelwa kwezomnotho ikakhulukazi ekuhlinzekweni kukagesi nezokuthutha.
- Umnotho waseNingizimu Afrika uthe ukuphakama kancane ngo 2025, ngokukhula okubalelwa ku 1.3%, okwesekwe wukuphakelwa kukagesi okuhamba kahle, yisivuno esihle kwezolimo nokuzethemba kwamabhizinisi okungcono.
- Ngokuhambisana nokwenzeka kuzwelonke, umnotho wesifundazwe ukhule ngo 1.1% ngo 2025, kanti kulindeleke ukuthi ukhule kangcono ngo 1.4% ngo-2026, okwesekwa wukwenza kahle okubonakala kwingqalasizinda nakweminye imikhakha.

## KAFUSHANE NGESIMO SOMNOTHO

| | Ukukhula komnotho | | | Ukunyuka kwentengo Yezimpahla | Inani Labantu abangasebenzi |
|---|---|---|---|---|---|
| | 2025 | 2026 | 2027 | | |
| | Isilinganiso sokukhula komnotho | Isibikezelo sokukhula komnotho | | 2025 | |
| Umhlaba Wonke | 3.3% | 3.3% | 3.2% | 4.1% | 4.9% |
| Ningizimu Afrika | 1.3% | 1.4% | 1.9% | 3.2% | 32.4% |
| **KwaZulu-Natal** | **1.1%** | **1.6%** | **2.0%** | **3.4%** | **32.4%** |

# AMAZWIBELA ESABELOMALI SIKA 2026/27

KWAZULU-NATAL PROVINCE
TREASURY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## IZINKOMBA ZOKUKHULA KOMNOTHO

- INingizimu Afrika iyaqhubeka nokubhekana namazinga aphezulu obubha, njengoba kukhombisa izibalo zabantu abaphila ngaphansi kwamazinga emukelekile obubha.
- Ukusweleka kwamathuba emisebenzi kuyaqhubeka nokukhula kanti abubonakali bungcono, njengoba kukhule ngamaphesenti angu 6.9 kusuka ku 24.5% ngeKota yesine ka 2015 kwaya ku 31.4% ngeKota yesine ka 2025.
- Abantu ababalelwa ku 4.247 million eKZN bebemukela izibonelelo zikahulumeni ngasekupheleni kweKota yesithathu ka2025, okusho ukuthi bangu 22.25% wesibalo sesisonke kuzwelonke sabantu abahola izibonelelo zikahulumeni (abantu 19.089 million).
- Izibalo zokuthuthuka kwabantu bekuqagulwa ukuthi zimi ku 0.73 eNingizimu Afrika naku 0.70 eKZN ngo-2023.
- Inselelo yokungaLingani kwamaHolo isalokhu iphezulu, njengoba izilinganiso zeGini-coeficient ziqagula ukuthi kumi ku 0.67 eNingizimu Afrika naku 0.66 eKZN.
- Amazinga okufunda nokubhala kubantu abaneminyaka engu 15 kuya phezulu afinyelele ku 90.3% eNingizimu Afrika naku 89.9% eKZN ngo 2024.

### KAFUSHANE NGEZINKOMBA ZENTUTHUKO

| Izinkomba zentuthuko | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | Ningizimu Afrika | | KwaZulu-Natal | |
| Izinkomba | 2013 | 2023 | 2013 | 2023 |
| Intuthuko kubantu | 0.71 | 0.73 | 0.67 | 0.70 |
| Izinga lokungalingani | 0.69 | 0.67 | 0.68 | 0.66 |
| | 2014 | 2024 | 2014 | 2024 |
| Indlala nobhubha | 22.6 | 17.6 | 29.3 | 27.3 |
| Inani labantu abakwazi ukufunda nokubhala | 83.1 | 90.3 | 80.7 | 88.9 |